# SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
# *SENIORSERTIFIKAAT-EKSAMEN*

## FEBRUARY / MARCH
## *FEBRUARIE / MAART*

## 2007

## ISIZULU ULIMI LWESIBILI IZINGA ELIPHEZULU

Iphepha Lesibili

**HG**

**928-1/2**

ISIZULU ADDITIONAL/SECOND LANG HG: Paper 2

11 pages
*11 bladsye*

928 1 2 HG

X05

COPYRIGHT RESERVED / *KOPIEREG VOORBEHOU*
APPROVED BY UMALUSI / *GOEDGEKEUR DEUR UMALUSI*

**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**
**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lesibili)**

**ISIKHATHI: 2 Amahora**

**IMIKLOMELO: 80**

---

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezinhlanu A, B, C, D no-E.
- Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI.
- U -A no -B noma C no-D njll.
- Izimpendulo mazihambisane futhi zihlelwe njengoba kunombolwe kwahlelwa imibuzo.
- Phendula ngesiZulu esihle.

---

## ISIGABA A

**Funda lezi zinkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo:**

### UMBUZO 1
### IZINKONDLO

***Imvubelo* – A. M. Maphumulo**

**Inkondlo A**

Umfanekiso wakho ufanekisa isintu,
Usiba lwakho lusibikela izimfihlakalo.
Ngibona lolu phahlakazi olukugqolozele,
Ngishaywa uvalo ngezifiso ezingafezekanga,
Ngilahlekelwa yithemba ngentshisekelo yekusasa,
Ikusasa eliyizifiso zentokomalo kaZulu.

Lolu phahla lungilethela usizi nomunyu
Umunyu ongilethela uhlevane novalo.
Nginamahloni okukubheka, ngokwehluleka ngiyisehluleki,
Ngiyesaba ngehlazo ohlezi kulo,
Izifiso zekusasa zihlanekezelekile zehluleka,
Izilokotho ngoZulu zehlulekile zehluka.

Seswele amandla mntakaNdaba ngasibonga,
Seswele imilomo mntakaSenzangakhona nga siyathopha,
Sibonga inkuthalo yobunye owayihlwanyela,
Sibonga ubuntu nobumbano owalwakhayo,
Uma kubalwa izizwe siyabalwa,
Inhlonipho yakho yasipha ukuhlonishwa.

L.F. Mathenjwa

1.1 Bhala isihloko sale nkondlo. (1)

1.2 Yiluphi lolu phahla imbongi ekhuluma ngalo? (1)

1.3 Ubani umntaka Senzangakhona okukhulunywa ngaye kule nkondlo? (1)

1.4 Yini eyenza imbongi ishaywe uvalo? (2)

1.5 Ithuna laleli qhawe likusiphi isifundazwe? (1)

1.6 Chaza lokhu okulandelayo ubhekise enkondlweni.

**Izifiso zihlanekezelekile ...** (2)

**Seswele amandla mntakaNdaba ngasibonga** (2)

1.7 Shono okuthathu okubongwa yisizwe okwenziwa umntaka Senzangakhona. (3)

1.8 Khipha isifenqo esigabeni sokuqala, usho nokuthi nhloboni yesifenqo. (2)

1.9 Ebinzeni lokuqala khipha imvumelwano bese usho uhlobo lwayo. (2)

1.10 Ebinzeni lesithathu khipha ukuxhumana bese usho uhlobo lwakho. (2)

1.11 Bhala igama elimqondofana naleli izilokotho. Likhiphe enkondlweni. (1)
**[20]**

**Inkondlo B**

Shwabadela ngqumusha yala nokupheza;
Tsavuza ezinabuzelayo neziqununuzayo.
Gola uthi qungqu esiqungqwini esiyisisu sakho.
Zinzisa izidladla zakh' ubuhlungu ngonothanda
Thana dwi izindwangu zenhliziyo.
Thana qu-u ameva omzimba wakho.
Nempela akulethe hlevane lwavalo lokho,
Kukade mbhem' uyigqekez' imiphefumulo yoNtu.

Izandla zakho zigxaza igazi,
Zibomvu zifakaza imisebenzi yakho,
Okungeyosizi nobumnyama ngempela
Ogxishe abafelwa nabafelokazi kuyona.
Ogcweleza amagugu nezinhlanhla zabo;
Ukulila kulokho kwadla umunyu,
Izinyembezi ziyinsakavukela,
Imbangela njalo kunguwena kufa.

Empilweni yami eMhlabeni,
Ngibonile izelelesi nezinswelaboya,
Eziphilela ukubhubhisa impilo.
Kepha zinalo uzwelo oluncane,
Zimhlonipha unina ozizalayo.
Kepha wena kawunjalo neze,
Udla fumuka ufune naleso silaza.

1.12 Nikeza umqondo osobala wale nkondlo. (6)

1.13 Shono ukuthi lo musho uqukethe siphi isifenqo? Khetha:

(Ihaba, isingathekiso, isenzasamuntu, isenzasasilwane)

1.13.1 Izandla zakho zigxaza igazi. (1)

1.14 Yini izinswelaboya? (1)

1.15 Yikuphi okuhle imbongi ekubone kwenziwa izinswelaboya kule nkondlo? Shono okubili. (2)

1.16 Khipha umusho ochaza ukuthi kuhlale kukhalwa njalo. (2)

1.17 Bhala ukuxhumana okusebinzeni lokuqala. (2)

1.18 Bhala ifanangwaqa ebinzeni 2. (2)

1.19 Yini eyenza umlobi athi ukufa akunazwelo? (2)

1.20 Ukwenzenjani ukushaya indiva? (2)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]**

## ISIGABA B
## UMDLALO

### UMBUZO 2

***Ngiwafunge amabomvu* – M. Molefe**

Funda lezi ziqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo:

**Isiqeshana A**

| | | |
|---|---|---|
| Khonzeni | : | Yizwa-ke Thulisile. Okungcono yidla-ke ukuqede lokhu kudla. Uma ungakudli ukudla kwalapha ebukhosini ucabanga ukuthi ikuholela kuphi leyo nto? |
| Thulisile | : | Into engingeke ngiyenze yiyona leyo-ke. |
| Khonzeni | : | Okungcono yikha kabili-ke kubonakale ukuthi ukuthintile. Wena selokhu safika lapha wenza into engaqondakali nje. |
| Thulisile | : | Kudle wena Khonzeni. |
| Khonzeni | : | Kuyoze kube njani ngidla ukudla kwakho sengikudlile okwami? Kuyoze kube nini? Thulisile uyayibona kodwa ingozi ofuna ukusifaka kuyo? Akukhona nokuthi ufuna ukusifaka kuyo, sesingene vele. Bayakubona abantu balapha ebukhosini ukudla kwakho ukuthi kubuya kungadliwe njalo nje. |
| Thulisile | : | Khonzeni, ake ungitshele, wena ungavuma nje ukuthi wehlukaniswe nesoka lakho? Ungavuma uma inkosi ithi gana umfana wayo manje, ushiye uMzinto wakho? |
| Khonzeni | : | Mina ngimqomile uMzinto, lonke izwe layo iNkosi leli liyakwazi lokho. Bayilandile impahla kimi. Ngeke ikusho lokho inkosi ngoba iyayazi leyo nto. |

2.1 Ngubani uKhonzeni? (2)

2.2 Kungani uKhonzeni afune ukuthi uThulisile akudle konke ukudla kwakhe? (2)

2.3 Kwakuyini umsebenzi kaKhonzeni njengoba esebukhosini? Bhala emithathu. (3)

2.4 Ubani iwele likaThulisile? (1)

2.5 Isiphi isizathu esenza uThulisile abe sesigodlweni senkosi ebe enesoka lakhe? (1)

2.6 Ubani isoka likaKhonzeni? (1)

2.7 Yingabe uThulisile ukuthokozele ukugana enkosini? Nikeza amaphuzu amathathu. (3)

2.8 UThulisile uvezwe njengomlingiswa onjani kule siqephu? (4)

2.9 Ngubani uyise wamawele? (1)

2.10 Ngokwakho ukucabanga kwakuyokwenzekani uma uThulisile edla ukudla kwasebukhosini? (2)
**[20]**

**Isiqeshana B**

| | | |
|---|---|---|
| Mgidi | : | Yima Mzwezwe, mhlawumbe abasemsamo bathanda ukuba uMgidi aziphawulele yena izinyane lesizwe. |
| Msanka | : | Masime iSilo. Kungenjalo sizozinquma sona okwesibili bese siphenduka uMbomvubomvu ongaziwa kwelamaBomvu. Wena wangasenhla! Ngiyashweleza Ndabezitha! |
| Mgidi | : | *(Enqekuzisa ikhanda)* Ikhona indaba. Ikhona inkulu. Ithini ngalokhu induna yami? Umlomo wakho usabophene namanje Msanka? Okwaziyo ukushweleza kuphela? |
| Msanka | : | Usabophene Ndabezitha. Mayidle izishiyele! Yinkatha yenkangala lena. Ngisho nezanusi zeLembe zaziyolala ngeziphundu nxa zinikwe lemfibinga ukuba ziyihulule. |
| Mgidi | : | *(Inyakame)* Uthini uMzwezwe? |
| Mzwezwe | : | Kuya ngamagama awoQukuluka noMzwezwe, Ndabezitha! |
| Mgidi | : | *(Iswace kakhulu iNkosi)* Ndlunkulu! |
| Thulisile | : | *(Acwayize amehlwana)* Ndabezitha! |
| Mgidi | : | Akukaze kwenzeke lokhu esigodlweni sikaQuqudithambo! Akukaze, ngimfunge uMaMdumbe elele efusini! *(ithule ibheme)* Ndlunkulu, ngiyabuza, indlalifa iqhibuke enhlabathini ilikhowe na? |
| Thulisile | : | *(Ebambe umlomo)* Ndabezitha ...! |

2.11 Ubani leli zinyane lesizwe okumele liphawulwe? (2)

2.12 Yini eyenza umlomo kaMsanka ubopheke? Shono okuthathu. (3)

2.13 Wabe esebenza msebenzi muni uMzwezwe ebukhosini? Shono okubili. (2)

2.14 Ngokucabanga kwakho yini eyenza ingane ingaphawuleki? (2)

2.15 Wayethuswe yini uThulisile kulesi siqephu? (2)

2.16 Phendula ngo-Yebo noma ngo-Cha.

2.16.1 Ingane kaThulisile iyivezandlebe.

2.16.2 Abantu bakwaMbomvu baphawulwa ngokunquma ucikicane.

2.16.3 Inkosi yayijabulele indlalifa.

2.16.4 Inkosi yona kayigejanga ekuphawuleni ingane kaThulisile.

2.16.5 UMsanka wagcina eyitshelile inkosi inkinga yakhe. 1x5=(5)

Pheqa ikhasi

2.17 Ngokuzwa kwakho indaba ngobani abasemsamo uMzwezwe akhuluma ngabo kulesi siqephu? (2)

2.18 Chaza ukuthi kusho ukuthini uma kuthiwa indlalifa "**iqhibuke enhlabathini ilikhowe**" na? (2)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [40]**

## ISIGABA C
### UMDLALO

### UMBUZO 3

***Isigcawu Senkantolo* –M.M. Masondo**

Funda lezi ziqeshana ezimbili bese uphendula imibuzo elandelayo:

**Isiqeshana A**

> "Ngasuka ngokushesa ngaphikelela emoshali. Ekufikeni kwami emoshali, ngacela unogada ukuba angibonise izidumbu. Wala waphetha kodwa kwatholakala ukuthi imali ayiluthezi olumanzi. Ngathi ukuba ngibone isidumbu somuntu owafa ngokudutshulwa, ngacela unogada ukuba angiboleke sona. Wathi lapho ethi uyenqaba ngamesabisa ngokuthi ngizomchakida ukuthi uthathe imali yami wangifaka emoshali ngesikhathi esingekho emthethweni. Wagcina esevumile. Nebala-ke sasididinga isidumbu saye sasithi eduze kwesidumbu sikaZikode. Ngasibambisa wonke umzimba kaZikode, ivolovolo kanye nesitelingi semoto."

3.1 Bakuphi laba abaxoxayo? (1)

3.2 Yini eyenza uKubheka ukuba acele isidumbu emoshali? (4)

3.3 Yini eyenza unogada emoshali ukuba amnikeze isidumbu uKubheka? Shono okubili. (4)

3.4 Umphakathi wayithola kanjani indaba yokufa kuka Zikode? (1)

3.5 Yini eyafika yaxaka amaphoyisa ekutholeni umbulali? (2)

3.6 Ubani lo Zikode? (1)

3.7 Yini eyase ikhathaza uKubheka, ngodaba luka Zikode aze aluxoxele ummeli. (5)

3.8 Ubani igama nesibongo sommeli uKubheka ayefuna usizo kuye? (2)
**[20]**

**Isiqeshana B**

> "Qhubeka mnumzane Ngubane!" Kumemeza enye yezintatheli.
> "Ngisakhononda! Ngi ...," kukhononda uZondo.
> "Vala umlomo wakho Zondo! Usaqhubeka nokukhuluma! Uzosiphazamisa kule nto esiyenza lapha! Vala umlomo!" kusho intatheli ngokunengeka.
>
> "Ukhuluma kanjani uma ukhuluma nami kanjalo?" kusho uZondo naye esethanda ukudinwa indlela intatheli emkhakhabisa ngayo.
> 'Ngikhuluma nawe kanjena nje ngenziwa indlela yobugwala oziphethe ngayo! Wena ubungaphazanyiswa ngumuntu enkantolo.

3.9 Msebenzi muni uZondo ayewenza futhi wayefunani lapha? (4)

3.10 Shono izizathu ezimbili ezenza uZondo akhalaze ngommangalelwa? (4)

3.11 Bhala igama nesibongo sikammangalelwa. (2)

3.12 Kungani babuthene etafuleni likaNgubane? Shono okubili. (4)

3.13 Yini eyenza intatheli inengeke? (2)

3.14 Bhala amagama abalingiswa abathathu ababenommangalelwa ngale nkathi izintatheli zimphonsa ngemibuzo. (3)

3.15 Khetha isifundo esifanele le ndaba kulezi ezisezikakelweni (uthando umanqoba, imali yimpande yesono). (1)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [40]**

## ISIGABA D
## UBUCIKO BOMLOMO

### UMBUZO 4

***Inkosi Yinkosi Ngabantu*** **– C.T. Msimang**

Funda lezi ziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

**Isiqeshana A**

> Kwakukhona impisi. Langa lithize, le mpisi yaphuma iyozingela. Kodwa yaba neshwa ngalelo langa ngoba laze lashona ingababambanga lutho. Kuthe isibuya, ikhathele, yabona ithambo elidala lenyamazane. Yathi: "Awu! Angisale sengithatha lona leli thambo ukuze ngilale ngiqhobile." Nempela yalithi thasi ngamazinyo yahamba nalo.
> Kwaze kwahlwa isendleleni. Kodwa kwasheshe kwakhanya ngoba inyanga yayidilingene, kunonyezi. Kuthe lapho iwela umfula, yabona umfanekiso wenyanga emanzini. Yawubuka, yawubuka, yawubuka impisi yacabanga ukuthi yisigaxa senyama.

4.1 Hlobo luni lwenganekwane **impisi nethambo**? (1)

4.2 Yini eyayifana nesigaxa senyama emfuleni? (1)

4.3 Uthini umxoxi kanye nabalaleli benganekwane uma bexoxa? (5)

4.4 Sifundo sini osithola kule nganekwane? (2)

4.5 Impisi yalahlani emanzini? (1)

4.6 Yini eyenza ukuba impisi ingabe isalithola ithambo layo? (2)

4.7 Shono imisebenzi emithathu yezinganekwane? (3)

4.8 Hlobo luni lwabalingiswa olutholakala kulezi zinganekwane: izinsumansumane? (2)

4.9 Phendula ngo-Yebo noma ngo-Cha.

4.9.1 **Unogwaja nebhubesi** uhlobo lwenganekwane eyinsumansumane. (1)

4.10 Yafika iphetheni impisi ekhaya? (2)

**[20]**

**Isiqeshana B**

**ABAKWASIBIYA**

Sibiya ngenkomo,
Abafokazana bebiya ngamahlahla!
Nina bakwaNkom' isengelwa emaweni,
Ingasengelw' esibayeni akuyona eyakhona.
Gumede kaNdaba!
Mkhananda owafinyelela kubalondolozi,
Wemuka noGodokazi way' eMfolozi.
UHhiya kwabanani,
Okwaphekwa esendlini
Kwaze kwephulwa esendlini
Engazange afe kufudumala.
Mgxebe!
Khathi!
Nina bakaSotobe kaMpangalala!

4.11 Nikeza izibonelo zalokhu ubhekise enkondlweni engenhla?

4.11.1 Ukuxhumana okuyinxemu?

4.11.2 Imvumelwano sigcino?

4.11.3 Ukuxhumana sigcino? 2x3=(6)

4.12 Khipha umusho okhomba ukuthi abakwaSibiya bacebile, izinkomo zabo ziningi. (2)

4.13 Yini isithakazelo? (2)

4.14 Abafokazana abantu abanjani? (2)

4.15 Nikeza ezinye izibongo zakwaSibiya ezimbili ezitholakala kulesi sithakazelo. (2)

4.16 Yini umsebenzi wesithakazelo? (2)

4.17 Bhala izithakazelo zakwa Zwane kulezi ezilandelayo? (Zulu, Mangethe, Qwabe, Nxamalala, Nsele) (2)

4.18 Qedela lo musho, Izibongo yi ... yokutusa. (2)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA D: [40]**

## ISIGABA E
## IZINDABA EZIMFUSHANE

### UMBUZO 5

***Umlabalaba*** **– O.E.H. Nxumalo**

Funda iziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi. Phendula yonke imibuzo kulesi sigaba.

**Isiqeshana A**

> "Nguwe lowo Mphemba?"
> "Yebo Khumbulani, yimi. Ngiphuthume mfana, kuhambe kanjani?"
> "Ngikususile lokho Mphemba. Konke kuhambe ngosiko ngoba ngikwazile ukushutheka isiqophamazwi esikhwameni sikaXolani. Kumshele-ke. Sase simgaxa ithaya. Ushe wangqongqa!"
> "Wenze umsebenzi omkhulu-ke Khumbulani. Sesizosebenza ngenkululeko manje. Kayisezukuba yingozi manje le nhlangano uma esefile uXolani. Phela nguye kuphela obenomqondo ohluzekile."
> Uqinisile Mphemba. Sekulula konke manje ..."

5.1 Sithini isihloko sale ndatshana? (1)

5.2 Bhala igama nesibongo salowo osolelwa ekubeni yimpimpi? (2)

5.3 Bufakazi buni obaqinisa ukuthi ngempela uyimpimpi? Chaza. (4)

5.4 Ubangiswani ngempela uXolani? Shono okubili. (4)

5.5 Wabulawa kanjani uXolani? Chaza. (4)

5.6 Wayethunywe ubani uKhumbulani ukuba abulale uXolani? (1)

5.7 Babenzani abanye ngale nkathi uXolani evutha amalangabi? (2)

5.8 Isiphetho asilindelekanga. Chaza. (2)
**[20]**

**Isiqeshana B**

Aphumisele uMtshali. "Uyabona Mdenjana, uziphathe kahle lapho uya khona. Ngiqalelela manje. Namhla usuhamba impela sesiphethe ibhokisi lakho lempahla ngiyogcizelela. Ungasiphoxi mfana wami. Uyazi ukuthi siyisibonelo esinjani emphakathini.
Uyazi ukuthi kwabafuyile akekho odlula izinkomo zakwenu. Zibulala inyoka inkosi impela. Mina ngingakufundisa ugcine lapho uthanda khona. Kuseyisiqalelo nje ikholishi leli. Ungabi yisimukanandwendwe, ululutheke uma kuboshwa amafindo okuhlehlela emuva esikhundleni sokuba niqhubekele phambili. Uyezwa?"

5.9 UMdenjana wayeyakuphi futhi eyokwenzani? (2)

5.10 Nikeza igama lekholiji bese usho ukuthi lalidume ngani? (2)

5.11 Endleleni uMdenjana wahlangana nobani? Ubehamba ngani? (2)

5.12 Kusho ukuthini ukuthi zibulala inyoka izinkomo zikaMtshali? (2)

5.13 Umuntu onjani isimukanandwendwe? (2)

5.14 Ngubani umphathi wekholiji? (1)

5.15 Yini eyaphazamisa uMtshali uma befika ekholiji? (3)

5.16 Sithini isihloko sale ndaba. (2)

5.17 **Phendula uthi kuliqiniso noma akulona**

5.17.1 Uthisha omkhulu kaMdenjana kwabe kunguZwane. (1)

5.17.2 Incwadi yokumncoma umfana kaMtshali yathunyelwa kuqala ngaphambi kokuba aye ekholiji. (1)

5.17.3 Incwadi yezincomo kaMalusi Mtshali yaphambaniswa nekaMdenjana. (1)

5.17.4 UMdenjana wayethengisa umthunzi wezinkukhu esikoleni uyise engazi. (1)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA E: [40]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 80**

**ISIPHETHO**